**MKHONDO**
LOCAL MUNICIPALITY

## INOMBOLO KAMASIPALA YESAZISO: 12/20/03-2026
## ISAZISO SOMPHAKATHI MAYELANA NOKUNYUSWA KUKAGESI OKUHLONGOZWAYO

Mphakathi uyaziswa ngesicelo ngokuhambisana noMthetho Wezezimali Zomasipala (*Municipal Finance Management Act – MFMA*) kanye noMthetho Wezinhlelo Zomasipala (*Municipal Systems Act*) ukuthi uMasipala WaseMkhondo uhlose ukusebenzisa ukwenyuswa okuphakanyisiwe kwamanani kagesi konyaka wezimali ka-2026/27, okuzoqala ukusebenza ngomhlaka 1 kuNtulikazi 2026, uma sekugunyazwe yiNhlangano elawula ugesi eNingizimu Afrika (*National Energy Regulator of South Africa – NERSA*).

Lokhu kwenyuswa okuhlongozwayo kuhambisana nokulungiswa kwamanani kagesi okukhulu okugunyazwe yiNERSA kanye nokwenyuswa okunikezwe inkampani ephehla ugesi, u-Eskom.

**Ukwenyuswa Okuhlongozwayo:**

- Amanani kagesi: 9.01%
- Imindeni eswele (indigent households) izoqhubeka nokuthola ugesi wamahhala oyisisekelo/ isincephezelo (*Free Basic Electricity*) ngokuhambisana nenqubomgomo yoMkhandlu egunyaziwe (Indigent policy).

**Inqubo Yokubamba Iqhaza Komphakathi:**

Amalungu omphakathi ayamenywa ukuthi athumele imibono noma iziphakamiso zawo ezibhaliwe mayelana nokwenyuswa kwamanani okuhlongozwayo.

Imibono ebhaliwe kumele ithunyelwe kungakadluli umhlaka 30 kuNdasa 2026.

**Ngemininingwane eyengeziwe:**
Xhumana noMphathi wezokukolekwa kwezimali zomkhandlu (Senior Manager Revenue)
Ms Z. Mthethwa
Inombolo yocingo: 076 988 4269
I-imeyili: ZMthethwa@mkhondo.gov.za

**M.J MKHONZA**
**MUNICIPAL MANAGER**